IBhayibheli LaBantwana

Likulethela



# Indlovukazi Enhle u-Esteri


Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Janie Forest; Alastair P.

Ifanekiswe ngu: Ruth Klassen

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala



Ikhiqizwe ngu: Bible for Children

www.M1914.org





©2025 Bible for Children, Inc.


iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.






Kwake kwaba nentombazane enhle u-Esther. Lapho uyise nonina beshona, umzala ka-Esteri uMoridekayi wamkhulisa. U-Esther wamhlonipha umzala wakhe ngokumlalela njengendodakazi elungile.






U-Esteri wayehlala ePheresiya.
Nokho, u-Esteri wayengeyena umPheresiya.
WayengumJuda. Okhokho bakhe beza ePheresiya
njengeziboshwa zempi. Ngezinsuku zika-Esteri,
amaJuda amaningi ayehlala ePheresiya.
3


Inkosi yasePheresiya yenza idili elikhulu
lezikhulu ezivela kuwo wonke umhlaba. Amadoda
adla ngaphandle
kwabesifazane
ababesedilini
nendlovukazi
uVashiti.
Inkosi edakiwe
yayala indlovukazi
uVashiti ukuba
igqoke umqhele
wobukhosi futhi
ibonise ubuhle
bayo. Indlovukazi
uVashiti yenqaba.
4


Ukukhombisa ukuthi
izintokazi kufanele
zihloniphe abayeni bazo,
inkosi yashaya umthetho
owathatha umqhele
kuVashiti.
Wayengaseyona
indlovukazi.
5



Kuseshwe
indlovukazi entsha.
Kuwo wonke
amantombazane
amahle embusweni,
inkosi yakhetha u-Esteri
ukuba abe umkakhe.
Wamthwesa umqhele
wobukhosi. U-Esteri
akazange ayitshele inkosi
ukuthi ungumJuda ngoba
umzala wakhe wayethe
angakwenzi.
6



UMoridekayi umzala wakhe
wachitha isikhathi sakhe
ngasemnyango
wesigodlo ukuze
ezwe izindaba zika-Esteri.
Ngolunye usuku wezwa
izinceku ezimbili zesigodlo
zihlela ukubulala inkosi.
UMoridekayi wathumela
isixwayiso esasindisa
ukuphila kwenkosi.
Izinceku zalengiswa,
negama likaMoridekayi
lalotshwa encwadini
yerekhodi yenkosi.
7



Owesibili enkosini kwakunguHamani
owayecebile. Bonke bakhothama
lapho uHamani edlula. Wonke
umuntu - ngaphandle komuntu
oyedwa. NjengomJuda,
uMoridekayi wayekhulekela
uNkulunkulu ophilayo kuphela.
8


UHamani wayemzonda kakhulu uMoridekayi waze wanquma ukumbulala kanye nawo wonke amaJuda asePheresiya. Yeka ukuthi kubi kangakanani! UHamani omubi wakhohlisa inkosi ukuba isayine umthetho wokuthi ngesikhathi esithile wonke amaJuda embusweni wayezobulawa.
9
Kwakuwumthetho omubi. Kokubili amaJuda namaPheresiya alila. Kodwa khumbula ukuthi uNkulunkulu wayemenze u-Esteri indlovukazi. Futhi wayengumJudakazi. Ingabe wayezoyifihlela inkosi? Noma, ingabe wayezifaka engozini yokufa ukuze azame ukusindisa abantu bakubo?
10
UNkulunkulu wanikeza u-Esteri umbono ohlakaniphile. Wamemela inkosi noHamani edilini. Lapho inkosi yamthembisa noma yini ayicelayo. U-Esteri wathi: “Mayize inkosi noHamani edilini kusasa.” Ngemva kwalokho wayetshela inkosi lokho akufunayo.
11
Phakathi naleso sikhathi, uHamani walungisa ugodo olukhulu ukuze alengise uMoridekayi.
12
Ngalobo busuku inkosi ayizange ilale. Lapho efunda imibhalo yasenkantolo wabona ukuthi uMoridekayi wayengakaze athole umvuzo ngokusindisa ukuphila kwakhe. Ngakusasa ekuseni, inkosi yabuza uHamani, “Kuzakwenziwani kumuntu inkosi ethanda ukumdumisa?”
UHamani wajabula. Wayecabanga ukuthi inkosi iqonde yena!
13
UHamani wayeze ukuzocela imvume enkosini yokulengisa uMoridekayi. Ukhuni lwase lulungile. Manje lokho kungalinda. Ejabule, uHamani wathulula ukusikisela kwakhe. “Gqokisa indoda ngezingubo zenkosi nomqhele.”
14




Indlovukazi Enhle u-Esteri


Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Esteri

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

19



Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16